ALFRED DUMA LOCAL MUNICIPALITY

OFFICE OF THE MUNICIPAL MANAGER

Mayoral Office: Communications

Please ask for: S Maphalala

My Ref: 14/2/2/3/1

Your Ref.

✉ 29 Ladysmith 3370
☎ (036) 637 2231
Fax. (036) 631 1400
Email:swmaphalala@alfredduma.gov.za
Website: www.alfredduma.gov.za

ADDRESS BY THE MAYOR: ALFRED DUMA MUNICIPALITY

THE HONOURABLE: CLLR M.V MADLALA

EVENT: MUNICIPAL OFFICIALS ASSEMBLY

DATED: AUGUST 2017

.....

Mphathi wohlelo:

Sekela leMeya womkhandlu: **Cllr T Hadebe**

Somlomo womkhandlu: **Cllr T Ngubane**

Sotshwebhu wamakhansela: **Cllr T Njapha**

Ngibingelela wonke amakhansela akhona

Izimenenja zikaMasipala nomphathi wazo: Mam'Ngiba

Ngibingelela bonke abasebenzi bakaMasipala

Ngibingelele Izinhlangano ezahlukahlukene ezikhona: SAMWU & IMATU

Mphathi wohlelo, ngicela ukuthatha lelithuba ngibingelele.

Sinibonani nonke

Ngaphambi kokuba ngethule le nkulumo, ngicela ukuba yamukelwe, kubalulekile ukuba sikhulume ngezindaba ezithinta umkhandlu omusha, i-Alfred Duma ozalwe ngokuhlanganisa umkhandlu Indaka noMnambithi.

Kufanele sikuqonde ukuthi lomkhandlu uzalwe njengoba nazi nonke ukuthi ngo 2016 kwayiwa okhethweni lokukhetha kabusha amakhansela emphakathini eyahlukene.

Njengabantu abasebenzela imiphakathi yethu, thina njengoMasipala kumele siqondanise intuthuko nesabelozimali, ukubhekana nesikuthunyiwe nguhulumeni wezwe kanye nomphakathi.

Lokhu kumele kwenzeke ngomoya wokubusa ngokubambisana ngeqiniso okugcizelela ukubambisana okuthe xaxa phakathi kwazo zonke izinhlaka zikahulumeni.

Sonke siyazi ukuthi ukudalwa kwamathuba omsebenzi kungokunye kokuhlanu okubekwe eqhulwini nguhulumeni omkhulu, okufaka nemfundo, ezempilo, ukulwa nobelelesi nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya.

Njengamje sesikhuluma ngokuqinisekisa imihlomulo kwezomnotho siyisizwe sendabuko.
Loluhlelo lungaphansi kwesihloko esixoxa ngaso kahkulu lulezinsuku esaziwa nge “Radical Economic Transformation”

Sesifikile isikhathi sokuqinisekisa inkululeko kwezomnotho kubobonke abantu nalabo ababecindezelekile phambilini, nalabo abasacindezelekile namanje.

Namhlanje ngizokwethula umbiko oncike kwinqubo yokusebenza nokuphathwa kwalesisikhungo sikahulumeni.

Ngizophinde ngibhekane nezinkinga ezikhungethe lomkhandlu.

Ngizophinde ngiphawule ngezinguquko ezikhona kulesisikhungo sethu.

Ngizophawula ngesiteleka esike sabakhona ngenyanga edlule.

Ngizonxusa ukubambisana nokuthi silalelane kulelithuba nesikhathi esinaso.

Kulombiko ngizoveza izinhlaka zokuxhumana ezikhona phakathi kwabasebenzi kanye nabaphathi bomkhandlu okungamakhansela nabaqondisi bemnyango eyahlukahlukene.

Ngizophinde ngicacise ngobudlelwane esinabo nezinhlaka zepolitiki.

Nginethemba lokuthi mangiphetha lenkulumo, kuzoba khona ukuqonda ukuthi sizosebenzisana kanjani.
Nginethemba lokuthi sizoba nomhlahlandlela ozobuyisa isithunzi sokusebenza ngokubambisana

A: THE MERGER BETWEEN INDAKA & EMNAMBITHI MUNICIPALITY:

- Loluhlelo luqalwe ngenhloso yokulwa nobugebengu nenkohlakalo komasipala baKwaZulu-Natal.

- Abanye bethu bazokhumbula ukuthi umkhandlu waseNdaka waba nezinkinga eziningi.

- uMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nezindaba zobuHoli boMdabu esifundazweni waphonsela inselelo amaKhansela nezisebenzi zomasipala ukuba zenze ezikuqashelwe zihlukane nepolitiki ngoba lokho kwakuphazamisa ukuhlinzekwa kwabantu ngengqalasizinda.

- Lokhu kwavezwa nguNgqongqoshe walo mnyango, uNksz Nomusa Dube, emhlanganweni owaziwa ngeMuniMec wokucobelelana ngolwazi komasipala eMgungundlovu owawuhlanganisa iziMeya, izimenenja zemikhandlu neSalga.

- Waveza nokuthi izisebenzi kumele ziziveze emiphakathini zilekelele amakhansela ajwayele ukubhekana ngeziqu zamehlo nomphakathi ngenxa yengqalasizinda.

- Wanxusa omasipala besifundazwe abawu-62 ngamunye ukuthi ube nekomidi elizosiza ekuhloleni indlela okusebenza ngayo amakhansela futhi liqinisekise ukuthi ziyanqandwa ngokushesha izenzo zenkohlakalo nobugebengu.

- Lona kwakungumhlangano wokuqala walolu hlobo ohlanganisa izinhloko zomasipala kanye nomnyango.

- Kwaphakanyiswa nokuthi imikhandlu iqinise amaxhama ezokuxhumana nabantu abasemazingeni aphansi khona bezokwazi ukuthi inkinga ikuphi uma bengahlinzekwa ngezidingongqangi ngesikhathi.

- Savumelana ukuthi sizobeka eqhulwini izidingo zabantu.

- Savumelana ngokuthi uma kukhona lapho okungahambi kahle khona, kungenelele umnyango uma izinto ziqhubeka nokonakala.

- Zaqala kanjalo izinhlelo zomnyango zokungenelela komasipala abangenzi kahle.

- Sakufakezela abanye bethu lapho sabona khona mnyango ungenelela kumasipala ongowesibili ngobukhulu esifundazweni uMsunduzi ngesikhathi ucwile shi ezikweletini.

- uMEC Dube wathi akafuni ukubona izigameko ezinjenga lezi ziphinde zenzeka, waxwayisa ngokuthi bayobhekana nengalo yomthetho abayotholakala bezixebulela umkhoma emalini kahulumeni ngokungemthetho.

- Emuva kwalokhu okwakwenzeka eMsunduzi, sathola imibiko efanayo yokuthi naseNdaka kukhona abezixebulela umkhoma emalini kahulumeni ngokungemthetho.

- uMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nezindaba zobuHoli boMdabu esifundazweni, wabe usuthumela uMlawuli ozimele ukuba azophatha umkhandlu waseNdaka.

- Kwaba nezinxushunxushu eziningi emkhandlwini waseNdaka, namakhansela ayethinteka ngoba ayeketulana njalo ezikhundleni zokubusa umkhandlu.

- uMEC Dube waze wahlangana nabaholi bendabuko emhlanganweni okwakuzocotshelelwana kuwo ngamasu okuhola, kuqiniswe nobudlelwano phakathi kwabo namakhansela.

- Kuthe kungazelele muntu sathola umbiko wokudutshulwa komunye wabaphathi boMkhandlu, owadlula emhlabeni kuso leso sigameko.

- Sazama nohulumeni wesifundazwe ukuhlanganisa nokubuyisa isiko lokubuyisana nokusebenza ngokuzwana kuloyamkhandlu waseNdaka ngenhloso yokuthola isisombululo kodwa kwanhlanga zimuka nomoya.

- Aphela kanjalo amathemba okubuyisa isithunzi sokusebenza eNdaka.

- Nabantu bendawo baphonsa ithawula, bacela uMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nezindaba zobuHoli boMdabu esifundazweni, ukuba uqhamuke nelinye icebo lokuxazulula izinkinga ezazikhona.

- Iziphakamiso zaziningi, kwakukhona nombono wokuthi kuhlakazwe umkhandlu waseNdaka.

- Iziphakamiso zaziningi, uhulumeni kazwelonke nesifundazwe wagcina uvumelene ngokuthi akuhlanganiswe umasipala waseNdaka noMnambithi.

- Umphakathi wasishayela ihlombe lesiphakamiso ngoba wawukhala ngokuthi umdonsiswano wokubusa umkhandlu waseNdaka ngeke uphele, njengoba amakhansela ayekhishwa noma ayekhiphana ezikhundleni njalo lungekho uzinzo kulabo ababeqokwa.

B: THE INTERGRATION OPERATIONAL AND FUNCTIONALITY PLAN:

- Ukuze sibuyise isithunzi somuntu omnyama, ubumbano lwabantu abamnyama, befuna ukuhlala ngokukhululeka, kwakufanele siqale uhlelo ngokubambisana phakathi kwamaKhansela ayesele eNdaka kanye nawaseMnambithi.

- Bonke abaphathi beminyango eyayikhona ngaleso sikhathi bazibophezela ukuqala lezozinhlelo nabo ngokubambisana.

- Loludaba lujulile, yingakho ngithi lendaba ivusa imizwa.

- Angikuveze ukuthi loluhlelo laludinga umdlandla njengoba sazi ukuthi amaqhawe akithi alala phansi elwa kulelizwe ngoba elwela ukuthi thina bantu baseNingizimu Afrika, siphile impilo ekhululekile.

- Sasingeke sihlehle, simele kude, isizwe nomphakathi wakithi usenkingeni.

- Sihlangane izikhathi eziningi lapho bekukhona izinhlelo zoNgqongqoshe abaqhamuka kuhulumeni kazwelonke nakuhulumeni wesifundazwe noNdunankulu kanjalo namaLungu ePhalamende, bezokhuluma nabantu ngomsebenzi woguquko ozokwenziwa ekuzameni ukushintsha izimpilo zabantu zibe ngcono eNdaka.

- UMkhandlu wesiFundazwe noZwelonke uke wabamba imhlangano ebalulekile ngaphansi kweNdaka.

- Leyo mhlangano yenze ukuthi amaLungu ePhalamende athole ngokuphelele ukuma kwesimo sakhona, ngamanye amagama, ukuthi inhlupheko ibakhungethe kanjani abantu kuleya ndawo.

- Le ndawo ngempela ibikudinga ukuthi ike ihanjelwe ngabantu abathatha izinqumo kuhulumeni ezigabeni ezahlukahlukene ngoba iNdaka ingenye yezindawo ezaziwa ngokukhungathwa wububha kakhulu.

- Abantu abakhele iNdaka basenezinkinga zokuswela amanzi, imitholampilo, nezinto eziyingqalasizinda okufanele zibe khona phakathi kwabantu.

- Kuthiwa abantu bakule ndawo engaphansi kweNdaka, abalinganiselwa kuma-60% abasebenzi bese kuthi abasukela eminyakemi eyishumi nanhlanu namashumi ayisithupha nanhlanu abatholi lutho oluwumholo kule ndawo, azikho izimboni zomsebenzi.

- Abaningi abantu baseNdaka basebenza eGoli.

- Ngicabanga ukuthi kuyinto enhle ukuthi abaholi abakuhulumeni bakwazi ukuzifikela mathupha bayibone le ndawo, ukuze bakwazi ukuthatha isinqumo ngokuthi kufanele kube khona esikwenzayo ukuze sihlangabezane nalezi zinkinga.

- Kwaqokwa uMkhandlu wasoThukela ukuthi ubeyihlo nezindlebe zabantu ngesikhathi simatasatasa nezihlelo zokuhlanganisa iNdaka noMnambithi.

- Siyazi ukuthi kunenselele enkulu maqondana nengqalasizinda kule ndawo, imigwaqo, njalo njalo, eyenza ukuthi kube nzima ukuthi abantu bafike lapho befuna ukuya khona.

- Ngifisa ukudlulisa ukubonga okukhulu ngokuthi nibonakalise ukungahlehli maqondana nokuzimisela kwenu ngokuqhuba into eniyithunywa nguMthethosisekelo wezwe, ukuba nihlangane nabantu, nizwe imibono nemicabango yabo.

- Phela umasipala ungowabantu. Sakwazi ukuthi ngonyaka odlule okhethweni lamakhansela sikhethwe ngaphansi komasipala omusha.

- Ngibonga kakhulu ukuba sihlangane lapha, ngicabanga ukuthi lokhu esakwenza kokuthi sisebenze ngokuzikhandla ekuhlanganiseni labo Masipala kuzokwenza uguquko ezimpilweni zabantu.

- Ngicabanga ukuthi uma sibambisene sonke singayishintsha impilo yabantu balapha eAlfred Duma ibe ngcono.

- Ngiyacela kini nonke basebenzi, ukuba siwuhloniphe umyalelo wabantu bakithi, siphinde sihloniphe nomlando walomkhandlu, njengoba sengichazile ukuthi sisukaphi, sizalwe kanjani size sibe yiAlfred Duma Municipality.

- Asigweme basebenzi ukulwa izimpi esingazazi.

- Ngicela sikhulise lomkhandlu, mayiphele imincele ekhona.

- Ngiyanxusa ukuba siwusebenze wonke sisonke umkhandlu wethu.

- Sihlangene Manje, awusekho umasipala waseNdaka nowaseMnambithi.

- UMkhandlu wesiFundazwe nokaZwelonke usiqaphe ngamehlo okhozi, ngiyanicela sibambisane ngenhlonipho njengoba singumndeni owodwa.

C: THE RESTRUCTURING AND EMPLOYEE PLACEMENT PROCESS:

- Njengamanje bonke abasebenzi bahlanganisiwe ngaphansi kweminyango yabo ebafanele.

- Umasipala unoMnyango obhekene nokuthi kuyasetshenzwa yini kwamasipala, uma kusetshenziwe, kusetshenzwe kanjani.

- Lomnyango waziwa nge Performance Monitoring and Evaluation.

- Uzosebenzisana nezinhlaka zesifundazwe ukuzama ukufezekisa ukuthi yonke into esiyithembisile iyenzeka.

- UMkhandlu wesiFundazwe nokaZwelonke usiqaphe ngamehlo okhozi, ngiyanicela sibambisane ngenhlonipho njengoba singumndeni owodwa.

- Ngokubambisana singamaKhansela siphasise i-Organogram entsha.

- Lonke uhlelo lokuqasha lizoncika kule Organogram entsha.

- Angisho ukuthu bakhona abasebenzi asebehlomulile ngokuqashwa ngokugcwele.

- Asigcinile ngalabo, lusazoqhubeka uhlelo lokuhlola abanye abanamakhono adingekayo, zizokhishwa izikhangiso ngendlela efanele.

- Angikuveze nokuthi kuzoba nezinguquko ohlangothini labaQondisi beminyango eyahlukahlukene.

- Bonke abazoqokwa kulezikhundla, ngiyacela nibamukele futhi nisebenzisane kahle nabo.

- Konke esikwenzayo nesizokwenza anginithembise ukuthi sizoxhumana nazo zonke izinhlaka zabasebenzi kanye noHulumeni weSifundazwe noZwelonke ngokulawulwa yimithetho ekhona, njengoba nazi ukuthi izivumelwano zomsebenzi ezikhona zokuqashwa kweziManager seziphelelwa yisikhathi.

D: THE MUNICIPAL SAFETY AND SECURITY DIAGNOSIS REPORT:

- Ithuna lihlale lisendleleni eZikhulwini nasemaKhanseleni

- Ukuthelwa othulini kwendodana yaseRichmond kugqamise ezokuphepha ezikhulwini eziyiziMeneja zoMasipala.

- Indawo yaseRichmond KwaZulu-Natal inomlando ongemuhle wodlame lwezepolitiki.

- Hleze kwabanye kube yingenxa yalo mlando odale ukuba izindaba zokubulawa ngesihluku kwalowo oyiMeneja yoMkhandlu uMnu uSibusiso Sithole kubikwe njengento eyejwayelekile.

- Nokho lokhu kwehlukile ngezizathu eziningi.

- Okokuqala noma ngabe ngubani owenze lokhu wephuce indawo yaseRichmond, hhayi kuphela indodana kepha umlando omuhle wokuphathwa kwezimali zomkhandlu ngendlela efanele neyamukelekayo.

- Ngaphansi kukaSithole uMkhandlu uthole imibiko engenachashaza nokuyinto ebe ngundabuzekwayo, kwazise kwenzeka lokhu ngaphansi kwesandla “somfana wendawo.”

- Ukubulawa kukaSithole kulandela ukubulawa kwalowo obeyisikhulu eHhovisini leMeya yoMkhandlu uThukela uMnu uMpumelelo Mbatha owahlangana nokufa engena nje emagcekeni omuzi wakhe eMnambithi.

- Ukubulawa kukaMbatha kulandela lokho kukaMeneja waseNdaka, uMnu uSinatra Khumalo owathelwa ngentuluntulu yezinhlamvu emgwaqeni iHelpmekaar endaweni yaseKuvukeni.

- Kwaba yileso sihluku nakulowo owayenguSomlomo waseNquthu, uMnu uVusumuzi Bonginkosi Ntombela owabulawelwa egunjini lokufunda esikoleni iLuvisi Primary.

- NoMasipala iNongoma nawo wavelelwa ngokufanayo ngesikhathi lowo owabe eyimeneja yokucwaningwa kwamabhuku ngaphakathi (internal audit) uMnu uZweli Archie Duma ebulawa emaHhovisi loMkhandlu.

- Lolu wuhla olungaphelele lwezigameko ezenzekayo nokuyinto engagxilile.

- Embikweni wenhlangano emele uHulumeni Wezindawo iSouth African Local Governmnet Association (Salga) osihloko sithi Violence and Democracy: The Intimidation and Killing of Councillors and Municipal Managers owethulwe ngoMfumfu ngonyaka owedlule waphawula ngokuthi:

- Ukwesatshiswa kwamaKhansela neZimeneja zoMasipala kuphazamisa ukuletha izinsizakalo emphakathini, ngalesi sizathu kube nomphumela wokwenza ukuba izinga lokusebenza koHulumeni Bezindawo libe phansi kakhulu.

- Lokhu kwesatshiswa kwehlisa izinga lothando nokuzimisela kwalabo abakhethelwa ukwenza umsebenzi wemiphakathi.

- Lokhu kubuye kuxoshe nalabo abanamakhono okwenza imisebenzi ekhethekile yokusiza imiphakathi.

- Indlela noma izinga lokwesabisa amaKhansela neZimeneja liyefana.

- Ukuba seduze nomphakathi kwamaKhansela kwenza kube lula ukuba bagilwe amalunga omphakathi.

- Kanti iziMeneja zona zithe ukuqhela kancane emphakathini.

- IziMeneja zona ukwesatshiswa zikuthola kuqhamuka ezinyonyaneni nabasebenzi.

- Lokhu kudalwa ukuqashwa kwabasebenzi, amathenda, izinsizakalo kanye namaholo.

- Kubonakala kukuncane ukusebenza komthetho ekubulaweni kwaMakhansela.

- Nalabo okuthukela bebanjiwe kabajeziswa ngendlela eyenelisayo.

- Yize izigilamkhuba zingabanjwa iningi kula macala, umunwe ukhomba udaba lwenkohlakalo yamathenda njengembangela yokubulawa nokuphiliswa lubhojozi kweZikhulu zomasipala.

- Ngakolunye uhlangothi umphakathi nemindeni yababulewe bakhala ngokungasebenzi kwengalo yomthetho njengoba iningi lala macala kuhlale kuthiwa liyaphenywa.

- Ahleli lubhojozi amaKhansela, kuyiqiniso elinobufakazi.

- Akuzona zodwa iZikhulu ezisenkingeni kepha namaKhansela yiso leso njengoba iningi lawo selithuka izanya nxa kunemibhikisho yomphakathi.

- Okudala lokhu wukuthi imvamisa ulaka lwezakhamuzi luphelela kuwo njengoba kwenye inkathi kuphethwa ngokuthi kubhujiswe ngomlilo imizi kanye nezimoto zawo.

- Ikhansela ngaphansi koMkhandlu iPolokwane eLimpompo, uMnu uSteve Mashabela wasinda ngokulambisa ngesikhathi imoto yakhe ibhujiswa ngomlilo ephakathi, lapho abahlaseli bamshiya bethi kasekho.

- KuMasipala wakwaDukuza ababhikishi babhubhisa ngomlilo umuzi kanye nemoto kaMnu uJetro Banda owayeyikhansela.

- Isikhondlakhondla uMkhandlu weTheku wakhokha imali engu-R36million kukhokhelwa amakhansela angu-22 okwakuthiwa asengozini ngonyaka owedlule.

- Ngokusho kwalowo owayeyimeya uMnu uJames Nxumalo umkhandlu wawukhokhela abaqaphi abawu-45, abashayeli abawu-23 kanye nezimoto zohlobo lwamaSUV ezingu-23.

- Lesi sithombe siveza ingqinamba amaKhansela kanye neZikhulu ababhekene nayo nokuyinto engase iphazamise ukuhanjiswa kwezinsiza kubantu kanye nokulahleka kwamakhono njengoba abanye ababulawayo bengabantu abanamava kanti kungase kube nzima ukuheha abanye abanamakhono ngenxa yokwesabela impilo yabo.

- Umlando wase Escourt siyawazi abanye bethu, zidlulile izinkokheli eziningi.

- Umlando wase Mnambithi siyawazi abanye bethu, zilele kobandayo izinkokheli, ziningi.

- Umlando wase Bergville siyawazi wezimpi zezigodi nombango wezepolitiki.

- Umlando wase Ndaka siyawazi wezimpi zezigodi nombango wezepolitiki.

- AmaCandidates amaningi ka-ANC ngonyaka odlule ashonile, esocongwa ngendlela efanayo.

E: THE MUNICIPAL SAFETY AND SECURITY PLAN AND STRATEGY:

- Njengamanje sinabaqaphi abashwe ngumasipala.
- Umsebenzi wabo wukuqapha izakhiwo zomkhandlu.
- Abanye bagade izindawo lapho okusebenzela khona abasebenzi bomkhandlu.
- Sinabaqaphi abaqashwe ngaphansi kwe Close Protection Unit.
- Umsebenzi wabo uncike kwezoku qinisekisa ukuphepha kwaMakhansela.
- Sinezinkampani ezizimele eziqokiwe ngaphakathi ukuvikela amaKhansela
- Zonke lezizinhlaka zokuphepha zisebenza umsebenzi ongafani.
- Ngiyanxusa ukuba nizamukele ngoba zinesidingo ukuba khona kwazo.
- Isimo sezokuphepha simanzonzo, amakhono okuqapha awafani.
- Sidinga lonke uhlobo lwezinhlelo zokuvikela ukuze siqinisekise ukuphepha kwempahla yomkhandlu kanye nabaholi.
- Siyathembisa ukuthi konke esikwenzayo mayelana nezokuphepha asihlosile ukusebenzisa imali yomkhandlu ngendlela engafanele.
- Inhloso eyokuvikela nokuqinisekisa ezokuphepha.
- Esikwenzile nesisazokwenza kulawulwa yisimo engike ngabika ngaso sezingqinamba amaKhansela kanye neZikhulu ababhekene naso.
- Ngiyacela basebenzi, ukuthi sikuhloniphe futhi sikwamuke okukhona njengamanje.
- Ziningi izigameko zokulahleka kwempahla yomkhandlu kanye nokuntshontshwa kwayo, ezokuphepha ziyadinga ukuqiniswa ngendlela.

F: THE MUNICIPAL EMPLOYEE STRIKES AND PROTESTS:

- Kubenesiteleka esingekho emthethweni ngenyanga eyedlule.

- Kube nemibiko yokungathuthwa kukadoti iviki lonke ngesikhathi kuqhubeka isiteleka sabasebenzi bakamasipala.

- Kwabakhona izindunduma zemfucuza, amaphepha esaphazeke phansi, kubhuza izimpukane ngenxa yokungcola.

- Umphakathi nosomaBhizinisi bahlalele ovalweni, abathembi ukuthi siphele nya lesi siteleka, ngoba kunemibiko esiqubukile yokuthi singahle siqalephansi.

- Sabe sesinxusa izikhulu zikaMasipala ukuthi abazame ukuxoxa nabasebenzi etafuleni ukuze kugwemeke le nto yesiteleka.

- Uma umqashi nomsebenzi kukhona lapho bengaboni ngaso linye khona, kumele kube nezingxoxo etafuleni ngoba umphakathi uyahlukumezeka ngesiteleka.

- Njengamanje izinhlelo ziyaqhubeka zokubhekana nokulungisa izikhalo zabasebenzi.

- Angisho ukuthi ngeke konke kulungiswe ngokushesha, kodwa umkhandlu udinga isikhathi sokuhlela kahle isabelo zimali ukuze kulungiswe izimo zomsebenzi kanye nenzuzo yabasebenzi.

- Ngiyanxusa ukuthi kukho konke okuzokwenzeka nokuzokwenziwa ngabasebenzi, ukuthi kuqhelelane nePolitiki yangaphandle.

- Ngiyacela futhi ukuthi siqhelelane nomkhuba wokufaka imfaniswano yezepolitiki ngezikhathi zomsebenzi.

- Siyaqonda ukuthi abanye benu bangabaholi ezinhlakeni ezahlukene zePolitiki, kodwa ngicela sigweme ukusebenzisa isikhathi somkhandlu ukufeza izinhloso zethu zePolitiki.

- Basebenzi akube khona ukuhloniphana phakathi kwenu namaKhansela.

G: THE MUNICIPAL RELATIONS WITH POLITICAL AFFILIATES:

- AmaKhansela akhona kuloMkhandlu iningi lawo amele umphakathi ngokuphakanyiswa yizinhlaka zika ANC.

- Namanje sinokuxhumana obuvuthiwe ne ANC.

- Sinohlaka oluphilayo oluxoxa ne ANC.

- Sinidinga nonke njengaba sebenzi ukuthi sisebenzisane ngokuzikhandla kuloMasipala ukuze ziqhubeke nokuthuthukisa umphakathi.

- Ngiyacela basebenzi niqhelelane nokwanda komkhuba wokuhlaselana ngamazwi esidlangalaleni.

- Abasebenzi nabaholi bangamadlelandawonye aholwa nguKhongolose.

- Kufanele siqhakambise ukuyisa intuthuko kubantu nokulwisana nenkohlakalo.

- Umkhuba wokuhlaselana ngamazwi kwabaholi nabasebenzi esidlangalaleni kumele unqandwe ngoba uphazamisa ubumbano.

- Sisesikhathini lapho izwe lethu lidinga ubuholi obuqotho nobushumayela ukuziqoqa nenhlonipho kubantu.

- Ngalokhu asisho ukuthi ebuholini obukhona ezinhlakeni ezahlukahlukene ezweni akukho lokhu esikubalulayo kodwa kumele siyibuze imibuzo uma sibona kukhona okungahambi kahle.

- Abantu abayeke ukuphenduka imidlwembe, akulandelwe imigudu efanele.

- Iqiniso wukuthi i-ANC ayithumanga muntu ukuthi ahlale ebhodla umlilo ngezimfuno zakhe emkhandlwini, asihloniphaneni.

- LoMasipala esiwakhayo ubukeka uzoba nenselelo enkulu ngomuso ngoba sizobe singazi ukuthi noma yini oyiphembayo iba nempumelelo uma isisekelo sayo kuyinhlonipho yokwazisa omunye umuntu.

- Ayisukunyelwe le ndaba yokwakhela phezu kwenhlonipho.
- Abaholi abayeke ukusebenzisa izisebenzi ngendlela engafanele.
- Abantu abadala abahlukane nokuhliphiza uma bengenelisekile.
- U-ANC usithumile, esikwenzayo manje siyisibuko ezinganeni zethu.
- U-ANC awuthumanga muntu ukuthi azobhidliza lokhu okuncane okukhona.

In conclusion, can we be given space to lead society.

We will work cooperatively with employee representatives to improve the working conditions of the working class and employees of Council.

Let us put our differences aside and deliver services to the public collectively.

In honour of the struggle heroes and heroens, let us decisively take action to grow this Council constructively.

I would to take this opportunity to thank all workers present here today.

Im grateful for the opportunity made available to present to you during this Municipal Workers Assembly.

The African National Congress remains the Centre of Power.

Collectively we have a responsibility to Unite our Communities we serve.

Guided by Government Acts and Municipal Legislation, We Will Deliver.

I thank you.